RI 2

Isihloko sesifundo: UJesu ufundisa ngozwelo nesihe

Umhlahlandlela womzali

Isikole sangeSonto Isikole sasekhaya

Mzali Othandekayo

Uyamukelwa kusifundo: **UJesu ufundisa ngozwelo nesihe**

Lomqulu ukunika umhlahlandlela ofanele wokuba ungasethula kanjani lesi sifundo.

Ungasilungiselela futhi usethule kanjani lesi sifundo

Nanka amanye amasu ngezansi wokulungiselela nokwethula lesi sifundo:

Isinyathelo	Okufanele ukwenze
1.	Finyelela ku Webhusayithi ye-New Apostolic Church ngokufaka noma ngokuchofoza kusixhumanisi esilandelayo kusuka ku-WhatsApp: https://bit.ly/3NACSSHS
2.	Qoqa lezizinsiza zokufunda ezilandelayo ukuze uqiniseke ukuthi usihlomele lesisifundo: • IBhayibheli • Isifundo ngefomethi ye-PDF esivele silungisiwe • Incwadi yengane yokusebenzela kanye namapensele, amakhilayoni, njll. • I-Vidiyo kiliphi okuyisisiza sokufunda esingezekile / isisiza sokufunda ongazikhethela ngokuthanda kwakho • Ikhathekizimu yemibuzo nezimpendulo (Ikakhulukazi kulesisifundo sesiQinisiso). **Qaphela:** 2.1: Isikhathi esifanele sokuthulwa kwalesisifundo, kungemuva kwenkonzo yangeSonto ekuseni, ngokuhambisana nesikhathi sesikole sangeSonto ukuze kugcinwe inqubo yesikhathi esijwayelekile. 2.2: Uyacelwa ukuba ugcine isifundo sibe mfushane uma kunokwenzeka, khumbula izinga lokunaka kwezingane zethu (gxila esifundweni) - uyazi kangcono ingane yakho! *Isikole sangeSonto ngokuvamile asidluli imizuzu engama-45.* 2.3: Lesisifundo silungele ibanga - RI 2. 2.4: Uyacelwa uthinte uThisha wakho wesiQinisiso uma udinga noma yiluphi usizo noma uma udinga ezinye izinsizakufunda kulezi ezingenhla.
3.	Khuleka (bheka umkhuleko osekugcineni kwalomqulu) bese ucela uNkulunkulu ukuba akusebenzise njengethuluzi ukwethula isifundo ngendlela Yena afuna ukuba usethule ngayo.

Fundisa lesisifundo sesikole sangeSonto ekhaya

Ungasilungiselela futhi usifundise kanjani lesisifundo

Siyaqhubeka nokwabelana ngezeluleko ezithile zokuthi ungasilungiselela futhi usifundise kanjani lesisifundo:

Isinyathelo	Okufanele ukwenze
4	Yenza indawo ilungele ukufundisa engenaziphazamiso lapho wena nengane / nezingane nisezingeni elifanayo. ***Isibonelo***: Hlala phansi ocansini noma eduze kwetafula.
5	Funda kulesisifundo. Phinda ufunde futhi isifundo ukuze usiqondisise kahle. Bukela lesisifundo sevidiyo kiliphu ukuze uthole ukuqonda okungcono ngalesisifundo.
6	Zenzele amanothi ngamaphuzu abalulekile ongathanda ukuwakhumbula.
7	Yazi inhloso yalesisifundo ingane yakho okufanele siyikhumbule.
8	Yethula lesisifundo enganeni yakho noma uyifundele lenandaba uma uthanda.
9	Khombisa ingane yakho ividiyo bese uphinde ubuyekeze incazelo yayo.
10	Khombisa ingane yakho umsebenzi okufanele iwenze encwadini yayo yokusebenzela.
11	Khuleka, noma ucele ingane yakho ukuba ikhuleke bese uphetha isifundo.

Izinsiza zokufunda ezitholakalayo mayelana nokufundisela ekhaya.

Nazi ezinye izinsiza zokufunda zokungezelela lesisifundo sibe sezingeni leqophelo:

1. I-WhatsApp. Xoxani ngesifundo se – RI 2 nomunye umndeni osifundayo nawo.

2. Xoxisanani ngesifundo nabanye abazali ukuze uthole ukuchazeleka kahle mayelana nesifundo ngaphambi kokuba sifundiswe.

3. Khululeka ukwenza olwakho ucwaningo ukuze uthole ulwazi olungezekile.

4. Khuluma noMxhumanisi webandla lakho noma uThisha.

Isifundo

Isihloko	UJesu ufundisa ngozwelo nesihe
Umbhalo weBhayibheli	NgokukaLuka 10: 25-37; NgokukaMathewu 5: 7
Inhloso yesifundo	Izingane zifunda ukuthi iNkosi ilindele ukuba sibe nesihawu.

Isifundo esifingqiwe:

• Kwavela umFundisi womThetho wazama ukulinga uJesu. Wabuza: “Mfundisi, yini okufanele ngiyenze ukuze ngithole ukuphila okuphakade na?”

- UJesu wamphendula wathi: “Uthini umBhalo na? Uwuhumusha kanjani na?
- Indoda yaphendula yathi: "Woyithanda iNkosi uNkulunkulu wakho ngayo yonke inhliziyo yakho, nangawo wonke umphefumulo wakho, nangawo onke amandla akho nangayo yonke ingqondo yakho” futhi "Wothanda umakhelwane wakho njengalokhu uzithanda wena."
- “Uqinisile,” kuphendula uJesu; "Yenza lokhu uzophila." Uthisha womthetho wabe esebuza kuJesu, "Ngubani umakhelwane wami na?" UJesu wamphendula ngokumtshela lomfanekiso:

• “Kwakukhona umuntu othile owehla esuka eJerusalema eya eJeriko. Abaphangi bamhlasela, bathatha izembatho zakhe, bamshaya, bamshiya ewumndondo nje. Kwenzeka ukuthi umpristi wehla ngaleyo ndlela, kodwa kwathi lapho eyibona lendoda, wayigwemela waqonda ngaphesheya. UmLevi wafika ngokulandelayo, wedlula wabheka lendoda, wabe esedlula ngakuyo. Ngemuva kwalokho umSamariya owayehamba ngaleyo ndlela wafika endaweni yesehlakalo. Lapho eyibona lendoda, inhliziyo yakhe yagcwala isihawu. Wayisiza lendoda, wamthela ngamafutha newayini emanxebeni akhe, wawabopha. Ngemuva kwalokho wagibeza lomuntu esilwaneni sakhe wamyisa endlini yezihambi, lapho ayemnakekela khona. Ngosuku olulandelayo wakhipha izinhlamvu zesiliva ezimbili wazinikeza umnikazi wendlu yezihambi. “Mnakekele,” etshele umninindlu, “futhi uma ngibuya ngale ndlela, ngizokukhokhela noma yini enye oyisebenzise kuye.'”

• UJesu waphetha ngokuthi, "Ngokubona kwakho, ngumuphi kulaba abathathu owasebenza njengomakhelwane kulendoda eyahlaselwa abaphangi na?" Umfundisi womThetho waphendula wathi, 'Yilowo owayemenzele umusa.' UJesu wamphendula wathi: "Hamba, wenze okufanayo."

Ingabe sisho ukuthini lesisifundo kithina namhlanje na?

• Ukuba nesihawu nokuba nesihe kusho ukuthi, lapho sibona othile elimele, sizizwa sinomhawu futhi sizinika isikhathi sokubasiza basebenzise izimfanelo zethu (imali noma isikhathi) ukusiza.

Singahawukela kanjani namuhla na?

- Ø Ukuhambela abantu abagulayo, abanomzwangedwa noma asebekhulile;
- Ukukhuthaza nokududuza izingane ezidabukileyo;
- Ukudlala nokukhuluma nezingane eziphethwe ngokungafanele ngabanye;
- Ø Ukusiza nokusekela abangane nomndeni olimele noma ophethwe kabuhlungu.

• Uma sihawukela umakhelwane wethu (umuntu esikanye naye), nathi siyobuyiselwa ngokuhawukelwa.

• UJesu wakuthembisa lokhu eNtshumayelweni yaseNtabeni njengoba kulotshwe kuMathewu 5: 7: “Babusisiwe abanesihawu, ngokuba bayohawukelwa”.

• Uma ukhombisa ububele kwabanye, uNkulunkulu uzokuhawukela futhi akubonise uzwelo naYe.

Kuleliviki cabanga ngokuthi ungamsiza kanjani umakhelwane wakho futhi wenze umzamo wokusebenzisa isihawu sakho kumuntu ophila naye.

Yenza umsebenzi 1, 2 no-3 nengane yakho.

Izimpendulo zomsebenzi 2: Umbhalo webhodi

Wabona umuntu olimele = ukubona, futhi nokuhawukela.

Wathela uwoyela newayini emanxebeni akhe = ukuzinika isikhathi sokumsiza

Uqinisekise ukuthi umuntu olimele uyanakekelwa = ngokusebenzisa okungokwakho (imali) ukusiza.

Eminye imibuzo esingayibuza:

1. Yimuphi umbuzo uthisha womThetho awubuza uJesu lapho ezama ukulinga uJesu na?

   Impendulo: *Yini okufanele ngiyenze ukuze ngithole ukuphila okuphakade na?*

2. Ingabe wamphendula kahle uJesu na?

   Impendulo: *Yebo*

3. UJesu wamchazela kanjani umfundisi womThetho ukuthi ngubani umakhelwane wakhe na?

   Impendulo*: UJesu wamtshela umfanekiso womSamariya oLungileyo*

4. Yini okufanele siyenze ukuze sithole isihe sikaNkulunkulu na?

   Impendulo: *Kufanele sibe nesihawu kwabanye*

5. Yikuphi eBhayibhelini lapho umyalezo osembuzweni we-4 uqoshwe khona na?

   Impendulo: *NgokukaMathewu 5: 7*

Umkhuleko emva kwesifundo

Baba oseZulwini othandekayo

Siyakubonga ngokusigcina kwaKho siphephile

Ngisize ngibenomusa kubobonke

Siyakubonga ngokuba ube nguMelusi oLungileyo osithandayo nosiqondisayo.

Amen

UMkhuleko kaBaba noMama ngaphambi kwesifundo:

Nkulunkulu othandekayo, ngiyakubonga ngalolusuku

Busisa bonke abazali nezingane

Sengathi singabuzwa ubukhona baKho

Busisa isifundo esizoba naso

Sicela usifundise ukukukhonza

Futhi usisize ukwenza intando yaKho

Ukuze sikhule sisondele kuWe

Thumela uJesu azosilanda

Futhi kwangathi singalungela ukuhlangana naYe

Amen

Notes